Isifundo 7 **Ncwaba 7-13*

Ukuphumula, Ubudlelwane, Nokwelapheka

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku: *Gen. 42:7-20, Math. 25:41-46, Gen. 42:21-24, Gen. 45:1-15, Luka 23:34, Gen. 50:15-21.*

Indimana Yekhanda: **"Manje ningabi buhlungu, ningazithukutheleli ukuthi nathengisa ngami lapha, ngokuba uNkulunkulu wangithuma phambi kwenu ukulondoloza impilo"** *(Gen. 45:5)***.**

Indoda ethile yayisolwa ngokunukubeza owesifazane. Owesifazane wayikhomba lendoda emaphoyiseni. Nakuba ubufakazi babungabazisa, owesifazane waphikelela ethi uJohnny uyena umenzi wobubi.

Kanjalo-ke uJohnny wavalelwa ejele, lapho abolela khona iminyaka engu 14 ngecala angalenzanga. Lowo wesifazane, uJoan, walibona iphutha lakhe kuphela sekuvele ubufakazi bohlolo-fuzo (DNA).

Wayefisa ukuhlangana noJohnny ngemuva kokukhululwa kwakhe. Yayizokwenzani lendoda eyahlukumezeka kangaka, uma isibonana ubuso nobuso nowesifazane odlale ngempilo yayo iminyaka engaka?

Umame lo wayesegumbini, elindele ukufika kwalendoda. Isifikile indoda, babukana ezinhlamvwini zamehlo, uJoan wakhihla isililo.

Uyachaza lomame: "UJohnny wavele wathatha izandla zami, wangibuka wathi: 'Ngiyakuxolela.' Angizange ngikholwe. Nansi indoda engangiyizonda, ngiyifisela ukufa kuphela. Kodwa manje, nansi, itshela mina engangiyone kangaka, ukuthi iyangixolela? Kulapho ngaqala khona ukubona ngempela ukuthi usho ukuthini umusa. Kungaleso sikhathi kuphela lapho ngaqala ukwelapheka, ngaba nokuphumula kwangempela."

Kuleliviki sizobheka ukuxolelana nokuthi kungazenzelani izinhliziyo zabantu ezingenakuphumula.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNcwaba 14.*

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 52 2021/06/21 14:51

Ukubhekana Nosekwadlula

Ekugcineni, izinto zamhambela kahle kakhulu uJosefa. Akugcinanga ngokuthi akhishwe ejele, kodwa wenziwa undunankulu waseGibithe ngemuva kokuchaza amaphupho kaFaro *(Gen. 41:50-52)*. Izinqolobane zaseGibithe zigcwele ziyachichima, nendlala eyayiprofethiwe seyiqalile. Nakho-ke ngolunye usuku kutheleka eGibithe abafowabo Josefa.

Funda: ngokuhlangana kwabo naye kokuqala kuGenesise 42:7-20. Kwakudingeke ngani konke lokhu? Wayezama ukwenzani uJosefa ngalokhu kuhlangana kokuqala?

_____

_____

UJosefa wayenamandla okuziphindisela kubafowabo, futhi wayengakwenza lokho ngaphandle kokuchaza utho kubani. Kodwa, esikhundleni sokuziphindisela, uJosefa ukhathazeke ngamalunga omndeni wakhe emuva ekhaya. Ukhathazeke ngoyise. Ngabe usaphila, noma lomndeni obhedayo awusenayo inhloko engubaba? Umfowabo, uBenjamini yena-ke? Njengentandokazi nentokozo kayise, uBenjamini wayesekuleyo ndawo ayekade ekuyo uJosefa. Kungenzeka yini ukuthi abafowabo manje umhawu wabo sebewedlulisele kuBenjamini?

UJosefa usesikhundleni sokunakekela lamalunga omndeni wakubo ahluphekile, futhi sibona enza khona lokho.

Ukusebenzisa izimiso zeBhayibheli ebudlelwaneni bethu akusho ukuthi asamukele ukuhlukunyezwa. Sonke siyigugu emehlweni kaNkulunkulu. UJesu wasikhokhela okuyiyona nhlawulo enkulu esiphambanweni.

Kungani uJesu ekubuka ngeso lokhozi ukuhlukunyezwa noma ukunganakwa kwabanye abantu? Funda uMathewu 25:41-46.

_____

_____

Sonke sithengwe ngegazi likaJesu, futhi ngokomthetho, singabaKhe sonke. Yilowo nalowo muntu ohlukumezayo, uhlasela umuntu kaJesu.

Ukuhlukumeza ngokocansi, okomphefumulo, noma okwasenyameni, akufanele nakancane kube nendawo emndenini. Lolu akusilona-nje udaba lwangasese olufanele luphelele emndenini. Ludinga ukungenelela okuvela ngaphandle. Uma wena, noma omunye emndenini wakini, uyahlukunyezwa, thola usizo kumuntu omethembayo oqeqeshelwe lokho.

Yiziphi ezinye izimiso zeBhayibheli odinga ukuzisebenzisa kunoma yibuphi ubudlelwane obulukhuni basemndenini odlula kubona manje?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 53 2021/06/21 14:51

Ukwenza Amalungiselelo

UJosefa usebaxolele abafowabo. Asazi kahle ukuthi wabaxolela nini, kodwa ngokusobala kwakusekude nokuthi bafike eGibithe. UJosefa wayengeke achume eGibithe ukuba wayengabaxolelanga ngoba intukuthelo nenzondo kwakuzomudla ngaphakathi, kulimaze ubudlelwane bakhe noNkulunkulu.

Ucwaningo olubanzi ngabantu abasinda ekuhlukunyezweni kabuhlungu, luqhakambisa ukuthi ukuxolela kuhamba phambili ekuletheni ukwelapheka ukuze umuntu aqhubeke nempilo futhi. Ngaphandle kokwelapheka, sihlala siyizisulu. Ukuxolela kuthinta thina kakhulu ngaphezu kwalomuntu osihlukumezile.

Nakuba uJosefa ebaxolele abafowabo, akafuni ukuthi ubudlelwane bomndeni buqhubeke lapho ayebushiye khona—epitsini elingenamanzi laseDothani. Udinga ukubona ukuthi kukhona yini okushintshile.

UJosefa wezwani bekhuluma bodwa abafowabo? Funda uGenesise 42:21-24. Wafundani ngabafowabo?

_____

_____

Konke ukuxhumana kwakwenziwa ngokusebenzisa umhumushi, kanjalo-ke abafowabo kaJosefa babengazi ukuthi uyabezwa. UJosefa uzwa abafowabo bevuma icala labo. Babekade becabanga ukuthi ngokumthengisa bazokhululeka engasekho umuntu ozobaceba kuyise. Babecabanga ukuthi bazokhululeka emaphusheni akhe nokumbuka eyintandokazi kayise. Kodwa esikhundleni sokuthola ukuphumula, sebehlushwa unembeza yonke leminyaka. Isenzo sabo saholela ekuthini bangabi nakho ukuphumula, besaba nesijeziso sikaNkulunkulu. Eqinisweni, uJosefa wayebazwela ngalokuhlupheka kwabo. Wabakhalela.

UJosefa wayazi ukuthi indlala isazoqhubeka eminye iminyaka embalwa, ngakhoke wagcizelela ukuthi beze noBenjamini uma sebebuya futhi ukuzothenga ukudla *(Gen. 42:24)*.

Esetholile ukuthi uBenjamini usaphila, wenza idili lapho etshengisa khona ukukhetha uBenjamini *(Gen. 43:34)* efuna ukubona ukuthi usekhona yini umhawu ababenawo kudala. Abatshengisanga zimpawu zomona, kodwa uJosefa uyazi ukuthi bangamaqili. Angithi phela bake bakhohlisa idolobha lonke *(Gen. 34:34)*, futhi uqinisekile ukuthi bakhuluma amanga kuyise mayelana nokwenzeka kuyena *(Gen. 37:31-34)*. Kanjalo-ke, waphinda wabavivinya. *(Bheka uGenesise 44.)*

Funda uGenesise 45:1-15. Lokhu kusitshelani ngokuthi wazizwa kanjani uJosefa ngabafowabo nokubaxolela kwakhe? Singafunda zifundo zini kulendaba?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 54 2021/06/21 14:51

Uyaxolela, Ukhohlwe?

Ukuxolela bakuchaza ngokuthi ukuzimisela ukudela ilungelo lakho lokuthukuthelela umenzi wobubi noma umuntu okuphathe ngendlela engenabulungiswa, ungamlahli ngecala, ungaziphindiseli. Udokotela Marilyn Armour, owayesebenza nabasinde ekubulaweni ngesihluku kwi-*Halocaust*, ukuze athole ukuthi benzani labantu ukuze baqondisise lento eyabavelela, ubhala athi: "Umqondo wokuxolela yisenzo esenziwa yisisulu ngokuzimisela, ngamabomu. Akusiyo into evele izenzekele."

Ukuxolela akusho ukuthi ngeke kube nemiphumela. Ukuxolela akuniki umhlukumezi ilungelo lokuqhubeka nokuhlukumeza. Kunalokho, ukuxolela kusho ukuthi sinikela ukucasuka kwethu nesifiso sokuphindisela kuNkulunkulu. Uma kungenjalo, intukuthelo, ulaka, ukucasuka, nenzondo, kuzokwenza isenzo somhlukumezi sizwele kakhulu kithina.

Ukuxolela abanye kusenzelani thina? Cabanga ngoMathewu 18:21-35.

_____

_____

Ngaphandle kokungabaza, ukuze sifunde ukuxolela, sidinga ukuqonda ukuthi sixolelwe kangakanani nguKrestu. Sonke sonile, hhayi kuphela kwabanye abantu, kodwa nakuNkulunkulu.

Sonke isono siyisono kuMdali wethu; kodwa nokho, ngoJesu singathola ukuxolelwa okuphelele kwazo zonke lezo zono, hhayi ngoba sikufanele—asikufanele—kodwa ngenxa yomusa kaNkulunkulu kithina. Uma-nje singabamba lelo qiniso elingcwele, uma singenza lokuxolela kube okwethu, uma singazizwela ukuxolela kukaNkulunkulu, singaqala ukudlulisa, sixolele abanye. Asixoleli ngoba abanye bekufanele, kodwa ngoba sikuthole kuNkulunkulu, futhi yilokho esikudingayo nathi. Ngaphezu kwalokho futhi, sikudinga kangaki ukuxolelwa?

Futhi njengoba sesibonile, uJosefa wanikeza ngethuba lesibili emndenini. Akukho magqubu la; akukho ukubuyela kulokho okwenzeka esikhathini esedlule.

Kucishe kube yinto engenakwenzeka ukuqala kabusha emndenini uma sesingochwepheshe bokukhubekisana. Kodwa uJosefa akaphenduli kanjalo. Ubonakala efuna ukukhohlwa osekwadlula, aphokophelele phambili ngothando nokwamukela. Ukuba uJosefa wayenomqondo ohlukile, ngabe lendaba inesiphelo esehlukile, esingajabulisi.

"Babusisiwe labo abazenzo zabo zokwephula umthetho zixolelwe, nabazono zabo azibalelwa kubo" *(Rom. 4:7, 8, NKJV)***. UPawulu usitshelani ngalokho esikuphiwe ngoJesu, nokuthi lesithembiso esimangalisayo sifanele sibe nomthelela onjani kulabo abasikhubekisile?**

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 55 2021/06/21 14:51

Ukuyenza Isebenze

Ukuze ngixolele, kufuneka ngivume ukuthi ngikhubekile. Kungaba lukhuni lokhu, njengoba ngesinye isikhathi sizama ukufihla imizwa yethu kunokuba sizame ukuthi yelapheke. Ukuvuma imizwa yokungakholwa yokucasuka nentukuthelo kuNkulunkulu, kulungile. Lokhu siyakubona encwadini yamaHubo. Ngingazizwa ngikhululekile ukutshela uNkulunkulu ukuthi angiyithandi lento eyenzekile noma ukuthi indlela engiphatheke ngayo ingijabhisile noma ingithukuthelisile, noma kokubili.

Endabeni kaJosefa, simbona ekhala uma ephinda ebona abafowabo, engqondweni yakhe kubuya imizwa yakhe yakuqala.

Isimemezelo sikaJesu esiphambanweni sisitshelani ngokufaneleka kwesikhathi sokuxolela? Funda uLuka 23:34.

_____

_____

UJesu akazange alinde ukuthi umenzi wobubi acele uxolo. Singabaxolela abanye noma bengalwamukeli uxolo lwethu.

Usitshelani uMathewu 6:28 no Luka 5:44 ngendlela yokuphatha abasikhubekisile?

_____

_____

Ukuxolela, njengothando, kuqala ngokukhetha, hhayi umuzwa. Singakhetha ukuxolela, ngisho noma imizwa yethu ingavumelani naleso sinqumo. UNkulunkulu uyazi ukuthi ngawethu amandla asikwazi ukukhetha lokho, kodwa "kuNkulunkulu konke kungenzeka" *(Marko 10:27)*. Kungakho-nje kuthiwa asibakhulekele labo abasiphatha kabi. Ngezinye izikhathi, kungenzeka ukuthi sewafa lowomuntu, kodwa sisengakwazi ukukhuleka ukuthi sikwazi ukumxolela.

Ngaphandle kokungabaza, ukuxolela akulula ngaso sonke isikhathi. Ubuhlungu nomonakalo owenzekile ungaba mkhulu, usishiye sikhubekile, sixhuga, siphukile. Kuzofika ukwelapheka uma sikuvumela, kodwa ukubambelela entukuthelweni nolaka nokucasuka kuzokwenza ukwelapheka kube lukhuni, mhlawumbe kungenzeki.

Isiphambano yisibonelo esihle kunazo zonke sokuthi kwambizani uNkulunkulu ukuze asixolele. Uma uJesu wadlula kukho konke lokho ngenxa yethu, yize noma wayazi ukuthi abaningi bayomenqaba, singafunda-ke nathi ukuxolela.

Ubani odinga ukumxolela—ngenxa yakhe, noma ngenxa yakho?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 56 2021/06/21 14:51

Ukuthola Ukuphumula Ngemuva Kokuxolelwa

Umndeni wakubo kaJosefa wagcina ufikile eGibithe. Akusekho zimfihlo kulomndeni. Abafowabo kufanele ukuba bavuma ukuthi bathengisa ngoJosefa uma bechazela uyise ukuthi lendodana ayecabanga ukuthi seyafa manje ingundunankulu waseGibithe.

Nakuba kungeke kwenzeke sonke isikhathi noma kube into yokuhlakanipha ukubuyisela ubudlelwane, lokho akusho ukuthi ngeke sikwazi ukuxolela. Singekwazi ukwangana, sikhale nomenzi wobubi, kodwa singakuzwakalisa ukuxolela kwethu ngomlomo noma ngencwadi. Ukusuka lapho, sekuyisikhathi sokudedela ubuhlungu kangangoba sikwazi. Mhlawumbe obunye ubuhlungu buyohlala bukhona, kodwa siyobe siqonde khona ekwelaphekeni.

Funda: uGenesise 50:15-21. Abafowabo Josefa bakhathazeke ngani, futhi kunasizathu sini sokuthi bakhathazeke? Lolo valo lusitshelani ngabo?

_____

_____

Abafowabo Josefa basebehlale eGibithe iminyaka engu 17 *(Gen. 47:28)*, kodwa kwathi ngokufa kukaJakobe, besaba ukuthi uJosefa uzoziphindisela. Babona ukuthi babemhlukumeze kangakanani uJosefa. UJosefa waphinda wabinaka isiqiniseko sokuthi ubaxolele, manje ngemuva kokufa kukayise. Lesikhumbuzo sasimlungele uJosefa kanye nabafowabo.

Uma inxeba lijulile, kungadingeka sixolele kaningi. Uma imicabango yokuhlukunyezwa ibuya, sidinga ukuya kuNkulunkulu ngokushesha ngomthandazo, sikhethe ukuxolela futhi.

Funda: uGenesise 50:20. Lendimana isiza kanjani ukuchaza ukuzimisela kukaJosefa ukuxolela isono abafowabo abasenza kuyena?

_____

_____

UJosefa wayekholwa ukuthi impilo yakhe iyinxenye yohlelo olukhulu lukaNkulunkulu lokusiza ukusindisa umhlaba owawaziwa ngaleso sikhathi, endlaleni, nokusiza umndeni wakubo ukuthi ufeze isithembiso sikaNkulunkulu sokuba yisizwe esikhulu. Njengoba wayazi ukuthi uNkulunkulu waguqula amacebo amabi abafowabo kwavela okuhle, kwamsiza lokho ukuthi axolele.

Indaba kaJosefa iphetha kamnandi. Sisabela kanjani uma isiphelo sendaba singesihle njengalesi? Noma, umuntu angasho yini ukuthi ngokupheliswa kwesono nempikiswano enkulu, lapho zonke izinkinga sezisombululiwe—kuyokuba isiphelo esihle? Lelo themba lingasisiza kanjani ukubhekana neziphelo ezingezinhle kangako?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 57 2021/06/21 14:51

Ukujula Nomcabango: "Njengoba uJosefa wathengiswa kubahedeni ngabafowabo, kanjalo noKrestu wathengiswa ezitheni zaKhe ezinkulu, omunye wabafundi baKhe. UJosefa wabekwa icala lamanga, wafakwa ejele ngenxa yobuqotho bakhe; kanjalo noKrestu wadelelwa ngenxa yokuthi impilo yaKhe yokulunga, nokuzidela yayiveza obala isono; kwathi noma engenacala lalutho, walahlwa ngenxa yofakazi bamanga. Ukubekezela kukaJosefa nobumnene bakhe phansi kokungabikho kobulungiswa naphansi kwencindezelo, umoya wakhe wokuxolela, nokuphana kubafowabo, kufanekisa ukubekezelela koMsindisi okungasoli, isihluku sabantu ababi, nokuxolela kwaKhe, hhayi kuphela ababulali baKhe, kodwa bonke abeza kuYe bevuma izono zabo, befuna intethelelo."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, pp. 239, 240.

Ayikho into engathalalisa umoya wokungaxoleli. Umuntu ongenasihe kwabanye, uyazibonakalisa ukuthi yena akanasabelo emseni kaNkulunkulu wokuxolela. Ngokuxolela kukaNkulunkulu, inhliziyo yesoni idonselwa eduze nenhliziyo ebanzi yothando olungenakulinganiswa. Umsinga wothando lwezulu uyageleza ungene emphefumulweni wesoni, udlulele nakweyabanye. Ubumnene nesihawu esatshengiswa nguKrestu empilweni yaKhe eyigugu, sizobonakala kulabo abanesabelo emseni waKhe."—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons*, p. 251.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ **Omunye wake wathi: "ukungaxoleli kufana nokuphuza ushevu ngethemba lokuthi kuzofa omunye umuntu." Asho ukuthini lamazwi?**

❷ **Kwakuyini inhloso yazo zonke izinhlelo ezenziwa nguJosefa ngaphambi kokuzidalula kubafowabo? Kwamenzelani lokho, yena nabafowabo?**

❸ **Inceku kaJosefa kufanele ukuthi yayibambisene naye kwamanye amacebo mayelana nabafowabo** *(njengo Gen. 44:1-12)***. Umoya wokuxolela unamthelela muni kulabo ababukele?**

❹ **"UNkulunkulu akababaholi abantwana baKhe ngendlela abebengeke bakhethe ukuholwa ngayo ukuba bebengabona isiphelo kusukela esiqalweni, babone kahle inkazimulo yenjongo abayifezayo njengabasebenzi kanye naYe."—Ellen G. White,** *The Desire of Ages, pp. 224, 225***. Cabanga ngeyakho impilo ngesikhathi uzindla ngalamazwi: Ukuqondisisa lokhu kungasisiza kanjani sihlule lezilingo eziningi nemizabalazo esibhekene nayo?**

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 58 2021/06/21 14:51